education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-11

ISIZULU ULIMI LWEBELE (HL)
IPHEPHA LESITHATHU (P3)

IPHEPHA ELIYISIBONELO 2007

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora amabili nengxenye (2½ hours)

Leli phepha linamakhasi ayisi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imilayezo (20)

3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C.

4. Mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha.

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubungako bemisebenzi kuleli phepha bumi kanje:

   ISIQEPHU A: Bhala indaba ube amagama angama-350 – 400. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.
   ISIQEPHU B: Umbhalo mawube odlulisa umyalezo ube amagama ayi-180 –200.
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enomyalezo, mayibe amagama ayi-100 ukuya e-120.

ISIQEPHU A

Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo ubhale indaba engamagama angama-350 kuya kwangama-400 sekuhlangene nohlaka.

UMBUZO 1

1.1 Yimi lo osehamba ehla enyuka nezitaladi efunana nomsebenzi nsuku zonke? Ngiyabuqonda namuhla ubuhlungu bokungaqedi isikole. Bhala indaba uxoxe ngakho konke okwenzekile empilweni yakho. (50)

NOMA

1.2

SISESIQHINGINI WEMADODA!

Abantu abaningi bavamise ukusabana. Ababingelelani ngisho nasemgwaqeni. Kunzima nokuthi baxoxe ngezinkinga zabo ngisho noma besebenza ndawonye. Abafiselani okuhle. Abahlukile kumuntu osesiqhingini, ophila yedwa ebe engenandaba namuntu. Iyiphi ngempela indlela esingabuyisa ngayo ubuntu. Bhala indaba uveze imibono yakho ngokungenziwa ukuze kuphele lesi sihlava kubantu. (50)

NOMA

1.3 Kule mifanekiso elandelayo, zikhethele emithathu oyizwa egazini ozobhala ngayo indaba. Shono konke okwaziyo ngalolo hlobo lo mculo nosizo lwawo empilweni yabantu. Ngaphansi kwesihloko esithi "Umculo Engiwukhonzile" Qaphela: Bhala izinombolo zezithombe ozikhethile.

1

2



3



4

5

6

(50)

NOMA

1.4 Buka lesi sithombe bese ubhala indaba. Ungakhohlwa ukuyinika isihloko indaba yakho.

(50)

NOMA

1.5 Bukisisa lesi sithombe bese ubhala indaba ngaso. Ungakhohlwa ukuyinikeza isihloko.

(50)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B

Khetha **OWODWA** umbhalo kule elandelayo bese ubhala kube amagama ayi-180–200.

UMBUZO 2

2.1 Ungumdayisi wasesitolo sefenisha esidumile. Kunomtitilizo wendali. Bhalela ikhasimende qwazi kahle ukuthiungumuntu ozithandayo izinto ezinhle futhi lesi simemo uzosithathela phezulu. Libhalele isimemo sencwadi. (30)

NOMA

2.2 Esikoleni ofunda kuso sekunomkhuba omubi wokulimazana kwabafundi. Umngani wakho ohlala kwesinye isifundazwe, uncamele ukusishiya isikole emva kokuba ehlaselwe ngabafana angabazi. Mbhalele incwadi umncenge ukuthi abuye, umtshele nokuthi sekunezinhlelo zokuthi abafundi bavikeleke. (30)

NOMA

2.3 Emva kokufaka isicelo sokuba nguMhloli wezikole endaweni yakini, uthole incwadi ekumemayo ukuthi uze ku-intaviyu. Bhala le-intaviyu ngendlela e yenzeke ngayo phakathi kwakho noMqondisi. (30)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C

Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo ubhale amagama ayi -100 kuya kwayi -120.

UMBUZO 3

3.1

LEVER BROTHERS

Eku 73 Maydon Road
DURBAN

Imboni yakwa Lever Brothers isanda kusungula insipho yohlobo oluthile olunamandla, njengoba wena ubhekene nokukhiqiza nokudayisa , uceliwe ngabaphathi ukuthi usungule isikhangiso esizoheha abantu ukuthi bayithenge le nsipho. Bhala isikhangiso sale nsipho. (20)

NOMA

3.2 Ubupheke isobho elimnandi ekhaya. Kuye kwenzeka lasala, wase ucabanga ukuthi kungcono uziphathele lona esikoleni. Abawuvalanga umlomo abangan bakho ngobumnandi baleli sobho. Omunye wabangani bakho usecele ukuthi umchazele ukuthi ulenze kanjani? Yini oyihlanganisile kanye nomthamo walokho okusebenzisile. Mchazele ngokumbhalela iresiphi. (20)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 100